DURBAN UNIVERSITY of TECHNOLOGY

IBHUKWANA NGOKWESIGABA 14(1) SOMTHETHO WOKUTHOLA ULWAZI (UMTHETHO WE-2 KA-2000)

OKUQUKETHWE

1.	Isendlalelo.....	Ikhasi 2
2.	Imisebenzi yase-DUT.....	Ikhasi 2
3.	Isakhiwo sase-DUT	Ikhasi 2
4.	Imininingwane yalabo abangathintwa.....	Amakhasi 2 - 3
5.	Umhlahlandlela wokusebenzisa uMthetho.....	Ikhasi 3
6.	Amarekhodi agcinwe yi-DUT.....	Amakhasi 3 - 4
7.	Imisebenzi yase-DUT engatholwa ngumphakathi e-DUT ...	Ikhasi 4
8.	Ukubamba iqhaza ekwakhiweni komgomo noma ekusebenziseni amandla noma ekwenzeni umsebenzi ngaphakathi e-DUT.....	Ikhasi 4
9.	Izixazululo ezingatholakala.....	Ikhasi 4
10.	Olunye ulwazi.....	Ikhasi 5
11.	Ukulungisa leli bhukwana.....	Ikhasi 5
12.	Ukutholakala kwaleli bhukwana.....	Ikhasi 5
13.	Izinqubo zokucela.....	Amakhasi 5 - 6
14.	Izimali ezinqunyiwe.....	Ikhasi 6

Isithasiselo A-1

Isithasiselo A-2

Isithasiselo B

Isithasiselo C

1. **Isendlalelo**

Umthetho Wokuthola Ulwazi onguNomb. 2 ka-2000, ("Umthetho") waqala ukusebenza ngo-2001. Isigaba se-14 soMthetho sidinga ukuba i-DUT njengesikhungo somphakathi yakhe leli bhukwana elinika umphakathi ulwazi mayelana nenqubo okumele ilandelwe uma kucelwa ulwazi e-DUT ngenhloso yokusebenzisa noma yokuvikela amalungelo.

2. **Imisebenzi yase-DUT**
[Isigaba se-14(1)(a) soMthetho siyasho.]

I-Durban University of Technology (i-DUT) iyisikhungo semfundo ephakeme somphakathi njengokusho koMthetho WeMfundo Ephakeme, onguNomb. 101 ka-1997.

I-DUT yasungulwa mhlazi-1 ku-Apreli 2002 isuselwa ekuhlanganisweni kwe-Technikon Natal ne-M L Sultan Technikon. UMthetho WeMfundo Ephakeme onguNomb.101 ka-1997 ne-Standard Institutional Statute eshicilelwe kuGazethi enguNomb. 23065 yomhlazi-27 kuMashi ka-2002 unikeza amandla okwengamela i-DUT.

Izinqumo zomgomo woMkhandlu kanye ne-Sineyithi yase-DUT ziwuhlaka lwemisebenzi ngqangi yesiKhungo okungukufundisa, ucwaningo kanye nokusiza umphakathi.

3. **Isakhiwo sase-DUT**
[Isigaba se-14(1)(a) soMthetho siysho.]

Bheka **Izithasiselo A-1 kanye no-A-2** ezinanyekiwe.

4. **Imininingwane yabangathintwa**
[Isigaba se-14(1)(b) soMthetho siyasho.]

Ikheli:	Mansfield Road, Durban, 4001
Ikheli leposi:	P O Box 1334, Durban, 4000
Ucingo:	031-3732111
Ifeksi:	031-373 3405
Iwebusayithi:	www.dut.ac.za
Inhloko Yesikhungo:	Solwazi R du Pre´
UMgcinilwazi:	Solw. N Gawe ISekela LeNhloko: Ezokuxhaswa Kwesikhungo Ifeksi: 031-373 2663 I-imeyili: gawen@dut.ac.za

Amasekela Omgcinilwazi:

UMqondisi OMkhulu: Ezabafundi Nentuthuko	Nk N Jappie Ifeksi: 031-3732859 I-imeyili: naziemaj@dut.ac.za
UMqondisi OMkhulu: Ezomphakathi Nentuthuko	Nk N Mbadi Ifeksi: 031-373 2475 I-imeyili: mbadinom@dut.ac.za
UMqondisi OMkhulu: Amakhempasi aseMidlands	Solw. R Ngcobo Ifeksi: 0865137908 I-imeyili: reggien@dut.ac.za
URejistra	Mnu. D Hellinger Ifeksi: 031-373 2188 I-imeyili: davidh@dut.ac.za
UMeluleki WezoMthetho	Nkk. L Chetty Ifeksi: 031 2011552 I-imeyili: chettyl@dut.ac.za

5. **INkomba yokusebenzisa uMthetho**
[Isigaba se-14(1)(c) soMthetho siyasho.]

INkomishani YamaLungelo Abantu ikhipha le Nkomba. Ungathumela imibuzo:

Inkomishani YamaLungelo Abantu eNing. Afr.: PAIA Unit
Ikheli leposi: Private Bag 2700, Houghton, 2041
Ucingo: 011-484 8300
Ucingofeksi: 011-484 1360
Iwebusayithi: www.sahrc.org.za
I-imeyili: PAIA@sahrc.org.za

6. **Amarekhodi agcinwe yi-DUT**
[Isigaba se-14(1)(d) soMthetho siyasho.]

(a) **Ukudalula okuzenzekelayo**:
[Isigaba se-14(1)(e) soMthetho siyasho.]

1. Izincwajana ezinolwazi zabafundi ezinamagama abasebenzi, imithetho yokufunda enyuvesi, uhlelo lwezifundo kanye nesilabhasi.

2. Amarekhodi aneminingwane yokufunda komfundi, uma kukhokhwa imali enqunyiwe.

3. Izinto zoMtapo woLwazi, uma kukhokhwa imali enqunyiwe uma ungeyena umsebenzi noma umfundi wase-DUT.

4. Okushicelelwe yi-DUT, kumbandakanya imibiko, amajenali, amaphepha anezindaba.

Yazi ukuthi kuze kube yimanje, asikho isaziso seSigaba 15(a) esisemthethweni esichaza lokhu okungenhla esesishicilelwe nguNgqongqoshe WezoBulungisa.

(b) **Amarekhodi angacelwa**
[Isigaba se-14(1)(d) soMthetho siyasho.]

1. Amarekhodi okwengamela – UMkhandlu, iSineyithi, i-Institutional Forum, uMkhandlu wabaFundi, iKhonvokheshini kanye namaKomidi ase-DUT.

2. Amarekhodi omfundi ngamunye.

3. Amarekhodi Ezokuqashwa Kwabasebenzi – umsebenzi ngamunye, ukuthungatha abasebenzi nemigomo emayelana nabasebenzi.

4. Amarekhodi ocwaningo – olwenziwe ngabasebenzi/nabafundi.

5. Amarekhodi ezezimali - isabelomali, izitatimende zezezimali, amarejista ama-asethi, imigomo yephrokhiyomenti.

7. **Imisebenzi engatholwa ngumphakathi e-DUT**
[Isigaba se-14(1)(f) soMthetho siyasho.]

Izifundo ezenziwa eDUT kanye nemisebenzi ephathelene nazo iqukethwe kumabhukwana aminyaka yonke aseDUT atholakala mahhala ehhovisi likaRejistra. Olunye ulwazi olumayelana nemisebenzi eyenziwa e-DUT ingatholwa kulabo abayizinhloko zalowo mkhakha.

8. **Ukubamba iqhaza ekwakhiweni komgomo noma ekusebenziseni amandla noma ekwenzeni umsebenzi e-DUT**
[Isigaba se-14(1)(g) soMthetho siyasho.]

UMthetho WeMfundo Ephakeme onguNomb. 101 ka-1997 nezinqubo zase-DUT uhlinzekela ukubamba iqhaza ekwakhiweni kwemigomo nasekuthatheni izinqumo zase-DUT. Izethulo zingabhalwa zilethwe emahhovisi eSekela LeNhloko: Ezokuxhaswa Kwesikhungo noma iSekela Lenhloko: Ezokufunda, P O Box 1334, Durban, 4000

9. **Izixazululo ezitholakala e-DUT uma yenza noma ihluleka ukwenza utho**
[Isigaba se-14(1)(h) soMthetho siyasho.]

Umphakathi ungaletha isikhalo esibhaliwe kulowo oyiSekela Lenhloko: Ezokuxhaswa Kwesikhungo.

Abasebenzi kumele balandele inqubo yokufaka izikhalo etholakala kuMnyango Wezokuqashwa Kwabasebenzi.

Abafundi kumele balandele inqubo yokufaka izikhalo noma yokudlulisa amacala etholakala ehhovisi likaRejistra.

Isigaba sa-74 nesa-82 zoMthetho zihlinzekela ukudluliswa kwamacala ezinqumo ezithathwe nguMgcinilwazi wase-DUT.

10. **Olunye ulwazi**
[Isigaba se-14(1)(i) soMthetho siyasho.]

Ulwazi olungekho kuleli bhukwana:

1. vakashela iwebusayithi yase-DUT www.dut.ac.za noma
2. thinta uMgcinilwazi njengokwesigaba se-4 ngenhla.

11. **Ukubuyekeza leli Bhukwana**
[Isigaba se-14(2) soMthetho siyasho.]

Leli bhukwana libuyekezwa minyaka yonke kanti libuyekezwe ngo-Apreli 2008.

12. **Ukutholakala kwaleli Bhukwana**
[Isigaba se-14(3) soMthetho siyasho.]

Leli bhukwana liphinde liphrintwe ngesiBhunu nangesiZulu. Amakhophi alo atholakala kuMgcinilwazi njengokwesigaba se-4 ngenhla. Liphinde litholakale ku- www.dut.ac.za.

13. **Izinqubo zokucela**
[Isigaba se-18 soMthetho siyasho.]

(a) Ocela ulwazi kumele anikwe imvume yokufinyelela kumarekhodi ase-DUT uma:

- Ocela ulwazi ehlangabezana nezidingo zenqubo eseMthethweni emayelana nokucela ukufinyelela kulelo rekhodi; futhi
- Ukufinyelela kulawo marekhodi okungazange kunqatshwe ngenxa yanoma yisiphi isizathu noma ngokunqatshwa okushiwo nguMthetho.

(b) Isicelo sokufinyelela kunoma kumarekhodi ase-DUT kumele sifakwe ngokugcwalisa ifomu elinqunywe ngokweSaziso se-187 seGazethi yomhlazi-15 kuFebruwari 2002. Isibonelo sinanyekwe kuleli bhukwana ku**Sithasiselo B**. Amakhophi angatholwa kuwebusayithi: www.sahrc.org.za noma www.doj.gov.za.

(c) Ocelayo kumele acacise ukuthi ufuna amarekhodi noma ufuna ukuwahlola. (Uma irekhodi lingewona umqulu lingabukwa ngokwefomu eliceliwe, uma kwenzeka) *[Isigaba sa-29(2) soMthetho siyasho]*.

Ocelayo kumele afinyelele ngendlela acele ngayo, ngaphandle uma lokhu kuzoba nomthelela omubi emsebenzini wase-DUT noma kubulale amarekhodi, noma kugxambukele kuma-copyright. Uma ngokwezizathu ezithile ukucela kungenzeke ngokugcwalisa ifomu elifanele kodwa kwenziwe ngenye indlela, imali kumele ibalwe ngendlela leyo lowo ocelayo acele ngayo *[isigaba sa-29(3) kanye (4) soMthetho siyasho]*.

Uma ocelayo efuna impendulo ebhaliwe noma ukutshelwa ngesinqumo esithathiwe nganoma iyiphi indlela, isib. ngocingo, lokhu kumele kucaciswe yilowo ocelayo *[isigaba se-18(2)(e*) soMthetho siyasho*]*.

Uma ocelayo ecela ulwazi egameni lomunye umuntu, kumele kucaciswe ukuthi ucela ngaliphi igunya *[isigaba se-18(2)(f) soMthetho siyasho]*.

Uma ocelayo engakwazi ukufunda noma ukubhala, noma eyisidalwa, ocelayo angakwenza lokho ngomlomo. UMgcinilwazi kumele agcwalise ifomu egameni lalowo ocelayo bese emnika ikhophi *[isigaba se-18(3)* soMthetho *siyasho]*.

14. **Izimali Ezinqunyiwe**

(b) Zimbili izinhlobo zezimali eyokucela neyokufinyelela.

(c) UMgcinilwazi ofuna ukufinyelela kumarekhodi aqondene naye siqu sakhe, akulindelekile ukuba akhokhe imali yokucela. Bonke abanye abacelayo, abangaziceleli bona siqu sabo, kumele bakhokhe imali yokucela engama-R35.

(d) UMgcinilwazi kumele azise ocelayo (ngaphandle kwalowo ozicelela siqu sakhe) ngesaziso, esidinga ukuba lowo ocelayo akhokhe imali enqunyiwe engama-R35 ngaphambi kokuqhubeka nokwenza isicelo.

(e) Emva kokuba UMgcinilwazi ethathe isinqumo ngesicelo lowo ocelayo kumele aziswe ngesinqumo esithathiwe ngendlela lowo ocelayo acele ukwaziswa ngayo.

(f) Uma isicelo sesenziwe enye imali okungeyokufinyelela kumele ikhokhelwe okungeyokuthungatha, yokwenza amalungiselelo, yokukhiqiza kanye nesikhathi esendlule lawo mahora ebekade enqunyiwe okufuna lawo marekhodi okudalula.

Uhlaka lwemali enqunyiwe lunanyekwe ku**Sithasiselo C**.

ISAKHIWO SOKWENGAMELA



ISAKHIWO SABAPHATHI BASE-DUT

Inhloko Yesikhungo

Isekela LeNhloko Yesikhungo
Ezokufunda

• Zonke izindaba ezimayelana nokufunda → okumbandakanya
Ukufundisa, Ukufunda, Ukusiza Umphakathi, Ucwaningo Nentuthuko, AmaDini, Amahhovisi AmaFakhalthi, Ukwengamela Ezabafundi, i-Co-operative Education, UMtapo Wolwazi, Ukuxhaswa Kwezokufunda & NokuziThuuthukisa kanye NokuQinisekisa IQophelo KwezokuFunda.

Isekela LeNhloko Yesikhungo
Izinsiza Nokuhlela

Zonke izindaba ezimayelana nokuhlela, intuthuko, izinsiza kusebenza nezezimali nokumbandakanya uMnyango WezeziMali, Wolwazi Nobuchwepheshe kanye nowoKwengamela Ulwazi.

UMqondisi OMkhulu
EzabaFundi Nentuthuko

• Ukwengamela Ezabafundi & Nentuthuko
• Uxhaso Lwezezimali
• Izindawo Zokuhlala Abafundi
• Ezemidlalo & Nezokungcebeleka
• Ezokweluleka & Nezempilo Zabafundi
• Ulwazi Ngekusasa Lezomsebenzi
• Isandulela-ngculazi/ingculazi
• Abafundi Abavela Kwamanye Amazwe

UMqondisi OMkhulu
Ezomphakathi Nentuthuko

• Ezokukhangisa
• Ezokukhulisa umnotho & Nentuthuko
•Ezokuxhumana
• Ezokuqamba
• Ukwengamela Ezokuthungattha & Nokubhalisa

UMqondisi OMkhulu
Wezokuqashwa Kwabasebenzi

Zonke izindaba ezimayelana nokuQashwa Kwabasebenzi & Nentuthuko okumbandakanya:
• Ukusebenzisana Kwabasebenzi
• Ukuqeqeshwa Kwabasebenzi & Intuthuko ngekusasa Lezemsebenzi
• Ukuqasha Ngokulingana
• Ukwengamela Ukuqashwa Kwabasebenzi.
• Ukuletha izinsiza & Nokwengamela Indlela Yokusebenza

ISITHASISELO A-2

ISITHASISELO B: Ifomu elinqunyelwe ukufinyelela kumarekhodi ezinhlaka zomphakathi

ISITHASISELO B SESAZISO SE-187 KUGAZETHI YANGOMHLAZI-15 FEBRUWARI KA-2002

IFOMU A

ISICELO SOKUFINYELELA KUMAREKHODI EZINHLAKA ZOMPHAKATHI
(Isigaba se-18(1) SoMthetho WokuFinyelela , ka-2000 (Umthetho onguNomb. 2 ka-2000))

[Umtheshwana 2]

KUSETSHENZISWA NGUMNYAGO

Inombolo yerefurensi: .....

Isicelo samukelwe ngu-(yisho isikhundla, igama kanye nesibongo soMngcinilwazi/isekela loMgcinilwazi) mhlazi-(usuku) e-(indawo).

Imali yokucela (uma ikhona): R .....

Idibhozithi (uma ikhona): R .....

Imali yokufinyelela: R .....

_____
UKUSAYINDA KOMGCINILWAZI/ISEKELA LOMGCINILWAZI

A. Imininingwane yezinhlaka zophakathi

UMngcinilwazi/ISekela LoMngcinilwazi:

B. Imininingwane yomuntu ofaka isicelo sokufinyelela kumarekhodi

(a) Imininingwane yomuntu ofaka isicelo sokufinyelela kumarekhodi kumele ibhalwe ngezansi.

(b) Ninkeza ikheli kanye/noma inombolo yefeksi yalapha eNingizimu Afrika lapho ofuna kuthunyelwe khona ulwazi.

(c) Isiqiniseko sokuthi isicelo usifaka ngaliphi igunya, uma kunesidingo, kumele sinanyekwe.

Amagama akho onke nesibongo:.....Inombolo kamazisi:.....

Ikheli leposi:.....

Inombolo yefeksi:.....Inombolo yocingo:.....I-imeyili:.....

Igunya olisebenzisa ukufaka isicelo, uma usifaka egameni lomunye umuntu:.....
.....

C. Imininingwane yomuntu ofakelwa isicelo

Lesi sigaba kumele sigcwaliswe kuphela uma isicelo solwazi senzelwa omunye umuntu.

Amagama akhe onke nesibongo:.....Inombolo kamazisi:.....

D. Imininingwane yerekhodi

(a) Ninkeza imininingwane egcwele emayelena nokufakwa kwesicelo, okumbandakanya inombolo yerefurensi uma uyazi, ukuze amarekhodi atholwe.

(b) Uma isikhala esinikeziwe singenele uyacelwa ukuba uqhubekele kwelinye ikhasi bese ulinameka kuleli fomu. ***Ofaka isicelo kumele asayinde onke amakhasi.***

1. Incazelo yesicelo noma ingxenye ebalulekile yerekhodi:.....

.....

2. Inombolo yerefurensi, uma ikhona:.....

3. Eminye imininingwane yamarekhodi:.....

E. Izimali

*(a) Isicelo sokufinyelela kumarekhodi, ngaphandle kwalawo anolwazi lwesiqu sakho, azokwenziwa kuphela emva kokukhokhwa **kwemali**.*

(b) Uzokwaziswa ngemali yokufaka isicelo okumele ikhokhwe.

*(c) **Imali ekhokhelwa ukufinyelela** kumarekhodi yencike kuleyo ndlela esetshenzisiwe ukufaka isicelo nasesikhathini esingahle sidingeke ukufuna nokulungisa amarekhodi.*

(d) Uma kungadingekile ukuba ukhokhe imali ethile, uyacelwa ukuba unikeze isizathu salokho.

Isizathu sokuba ungakhokhi zimali:.....
.....

F. Indlela yokufinyelela kumarekhodi

Uma uvinjwa ukuba yisidalwa awukwazi kufunda, kubona noma ukulalela amarekhodi ukuze ufinyelele kuwona njengokuba kuhlinzekelwe lapha ngezansi kusukela ephuzwini loku-1 ukuya kwele-4, cacisa ubudalwa bakho bese usho indlela ofuna ngayo amarekhodi.

Ubudalwa:	*Indlela ofuna ngayo amarekhodi:*

Faka uphawu "X" ebhokisini elifanele.

AMANOTHI:

(a) Ukucacisa kwakho indlela ofuna ngayo ukufinyelela kumarekhodi yencike endleleni amarekhodi atholakala ngayo.

(b) Indlela okucelwe ngayo ukufinyelela kumarekhodi inganqatshwa ngezizathu ezithile. Ngalezo zizathu uzokwaziswa ukuthi ungafinyelela kumarekhodi ngenye indlela.

(c) Imali ekhokhelwa ukufinyelela kumarekhodi, uma ikhona,yencike ngandlela thize kuleyo ndlela isicelo sokufinyelela esifakwe ngayo.

1. Uma amarekhodi abhaliwe noma aphrintiwe -			
	Ikhophi yamarekhodi*		Ukuhlola amarekhodi
2. Uma amarekhodi anemifanekiso - (lokhu kumbandakanya izithombe, ama-slide, amavidiyo aqoshiwe, imifanekiso eyenziwe kukhompuyutha, imidwebo, njll.)			
	ukuhlola imifanekiso		ikhophi yemifanekiso*
			ama-transcript emifanekiso*
3.Uma amarekhodi anamagama aqoshiwe noma ulwazi olungakhiqizwa ngokwenza umsindo –			
	Lalela umculo (ikhasethi elingalalelwa)		i-transcript yomculo* (umqulu obhaliwe noma ophrintiwe)
4. Uma amarekhodi akukhompuyutha noma emshinini osebenza ngogesi ofundekayo -			
	ikhophi yamarekhodi aphrintiwe*		Ikhophi yolwazi ephrintiwe ethathwe kumarekhodi*
			Ikhophi engafundeka yekhompuyutha* (i-stiffy noma i-compact disc)

*Uma ucele ikhophi noma i-transcript yamarekhodi (ngenhla), ufisa ukuba ikhophi ye-transcript uyiposelwe? **Imali yokuposa kumele ikhokwe.**	YEBO	CHA
Yazi ukuthi uma ulwazi lungatholakali ngolimi olufisayo, ukufinyelela kulo kungaba ngolimi oluthokala ngalo.		
Ufisa ukuthola ulwazi ngaluphi ulimi?		

G. Isaziso sesinqumo mayelana nesicelo sokufinyelela

Uzokwaziswa ngokubhaliwe ukuthi isicelo sakho sigunyaziwe/sinqatshiwe. Uma ufisa ukwaziswa ngenye indlela ngalokho, uyacelwa ukuba ucacise leyo ndlela bese unikeza nemininingwane edingekayo ehambisana nesicelo sakho.

Ufisa ukwaziswa kanjani ngesinqumo esithathiwe mayelana nesicelo sakho sokufinyelela kumarekhodi?
.....

Usayinde e- _____mhlazi- _____ngosuku luka-_____20 _____

_____
UKUSAYISANDA KWALOWO OCELAYO/EGAMENI LALOWO OCELELWAYO

ISITHASISELO C: Izimali ezinqunyelwe izinhlaka zomphakathi

Ibhukwana LoMthetho Wokuthoal Ulwazi (Umthetho 2 ka-2000)

INGXENYE II YESAZISO SE-187 KUGAZETHI MHLAZI-15 KUFEBRUWARI 2002

IZIMALI EZIQONDENE NEZINHLAKA ZOMPHAKATHI

1. Imali yekhophi yebhukwana ishiwo kumtheshwana we-5(c) ingama-R0,60 uma ugaya ikhasi ngalinye elingu-A4 noma ingxenye yalelo khasi.
2. Izimali zokukhiqiza ezishiwo kumtheshwana we-7(1) zime ngale ndlela elandelayo:
   (a) Ikhophi ngayinye yekhasi eligayiwe elingu-A4 noma ingxenye yalo R0,60
   (b) Ikhophi ngayinye ephrintiwe yekhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo ekukhompuyutha noma emshinini engafundeka.....R0,40
   (c) Ikhophi yekhompuyutha engafundeka -
      (i) eku-stiffy disc R5,00
      (ii) eku-compact disc..... R40,00
   (d) (i) I-transcript yemifanekiso, esekhasini eliku-A4 noma ingxenye yalo..... R22,00
      (ii) Ikhophi yemifanekiso engabukwa.....R60,00
   (e) (i) Ikhophi ye-transcript yamarekhodi angalalelwa, ikhasi elingu-4 noma ingxenye yalo..... R12,00
      (ii) Ikhophi yamarekhodi angalalelwa..... R17,00

3. Imali yokucela engakhokhwa yiwo wonke umuntu ocelayo, ngaphandle kwalowo ozicelela siqu sakhe, okushiwo kumtheshwana we-7(2) ngama-R35,00.

4. Imali yokufinyelela engakhokhwa yilowo ocelayo eshiwo kumtheshwana we-7(3) ingale ndlela elandelayo:

			R
1.	(a)	Ikhophi ngayinye yekhasi eligayiwe elingu-A4 noma ingxenye yalo	0,60
	(b)	Ikhophi ngayinye ephrintiwe yekhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo ekukhompuyutha noma emshinini engafundeka	0,40
	(c)	Ikhophi ekukhompuyutha engafundeka -	
		(i) eku-stiffy disc	5,00
		(ii) eku-compact disc	40,00
(d)	(i)	I-transcript yemifanekiso, esekhasini eliku-A4 noma ingxenye yalo	R22,00
	(ii)	Ikhophi yemifanekiso engabukwa	R60,00
(e)	(i)	Ikhophi ye-transcript yamarekhodi angalalelwa, ikhasi elingu-4 noma ingxenye yalo	R12,00
	(ii)	Ikhophi yamarekhodi angalalelwa	R17,00

   (f) Ukufuna nokulungisa amarekhodi ukuze adalulwe, ama-R15,00 ngehora noma ingxenye yalo, ngaphandle kwehora lokuqala, elingahle lidingeke ngalokhu kufuna nokulungisa.
2. Ngokwenhloso yesigaba sama-22(2) soMthetho, lokhu okulandelayo kuyasebenza:
   (a) Amahora ayisithupha anjengamahora okumele eqiwe ngaphambi kokuba idibhozithi ikhokhwe; kanye
   (b) nokukodwa kokuthathu okuyimali yokufinyelela okumele ikhokhwe yilowo ocelayo njengedibhozithi.
3. Imali okungeyokuposa ikhokhwa uma amarekhodi kumele aposelwe lowo ocelayo.